*Audrey Anderson, Louis Greenberg & Wesley Thompson*

# *Isitayela SikaRafiki*



*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Isitayela SikaRafiki*
*(Rafiki's Style)*
Illustrated by Audrey Anderson
Written by Louis Greenberg
Designed by Wesley Thompson
with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 27 June 2015.
Translated by Robert Mchunu

ISBN: 978-1-928365-35-8

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# *Isitayela SikaRafiki*



NgeSonto, uJimmy Zogba washaya igoli iqembu lakhe elanqoba ngalo.



NgoMsombuluko, iCool Cat Crew
yayihambela phezulu.





“Rafiki, unazo nje wena izinwele ezigundiswe okwedube?



Izinwele zakho zithule nje, ungathi awunandaba nazo.”



"Rafiki, uphi umdwebo wakho wasesikhunjeni ophucukayo?



Unesikhumba esibi kabi phela wena. Futhi umubi."



"Rafiki, unalo nje izinyo elikhazimulayo? Phela wena unezingovolo."





Ngalolo suku uRafiki wagoduka ehamba kancane.





"Anti, ngingakwazi ukugunda izinwele zami zibe njengedube?"

"Ngeke ngikugunde nje mina njengedube. Empeleni, ngeke ngilokothe ngiyenze leyo nto.

Empeleni nje, angeke ngize ngilokothe mina."

“Sisi, nginesikhumba esibi mina. Ungakwazi ukungidweba umdwebo ophucukayo emzimbeni?”

“Cha, Rafiki, wena awuwudingi umdwebo ofana nalowo.”





“Uyazi Mkhulu, ngifisa sengathi ngabe nginezinyo elikhazimulayo.”

“Mzukulu, ubukhazikhazi abusho lutho.”

Ngempelasonto elandelayo, uSanti Ramires washaya igoli iqembu lakhe elanqoba ngalo.



NgoMsombuluko,
iCool Cat Crew
yayihambela phezulu.



“Sawubona, Rafiki!
Ubukeka ujabule!”



URafiki wavele
wangakunaka nje lokho.
“Ngiyilokho engiyikho;
lesi yisitayela sami.”

